ETHEKWINI MUNICIPALITY

PUBLIC NOTICE CALLING FOR INSPECTION OF THE SIXTH SUPPLEMENTARY VALUATION ROLL (GV 2012) AND LODGING OF OBJECTIONS

Notice is hereby given in terms of Section 49 (1)(a)(i) read together with section 78(2) of the Local Government: Municipal Property Rates Act, 2004 (Act No. 6 of 2004),hereinafter referred to as the "Act", that the sixth supplementary valuation roll (GV 2012) for the financial years 01 July 2012 to 30 June 2016 is open for public inspection at the office of the Municipal Manager, Valuation Roll, 13th Floor, 75 Langalibalele Dube (Winder Street), Durban and the Sizakala Customer Centres during office hours 07:30 to 16:00 from 17 January 2014 to 28 February 2014.

In addition the General Valuation Roll is available at website:- www.durban.gov.za.

An invitation is hereby made in terms of section 49(1)(a)(ii) read together with section 78(2) of the Act that any owner of property or other person who so desires may lodge an objection with the municipal manager in respect of any matter reflected in, or omitted from, the General Valuation Roll within the abovementioned period.

Attention is specifically drawn to the fact that in terms of section 50(2) of the Act an objection must be in relation to a specific individual property and not against the supplementary valuation roll as such.

The form for lodging of an objection is obtainable at the following address:-
Valuation Roll, Real Estate Unit, 13th Floor, 75 Langalibalele Dube (Winder Street), Durban or
The Sizakala Customer Centres and
Website:- www.durban.gov.za

The completed forms must be returned to the following address:
The Municipal Manager, eThekwini Municipality, Valuation Roll, 13th Floor, 75 Langalibalele Dube (Winder Street), Durban, 4000.

Completed forms can also be handed in at The Sizakala Customer Centres where they will be captured 'on-line'

For enquiries please telephone 031 – 311 4340

_____
Municipal Manager

_____ _____
Signature Date

No. 1 **16 kuMasingana 2014**

UMASIPALA WASETHEKWINI

ISAZISO NGETHUBA LOKUHLOLA ISENGEZO SESITHUPHA SOHLA LWAMANANI EZAKHIWO (GV 2012) NETHUBA LOKUPHIKISANA NAMANANI ANQUNYIWE

Lesi yisaziso ngaphansi kwesigaba 49(1)(a)(i) sifundwa nesigaba 78(2) somthetho iLocal Government: Municipal Property Rates Act, 2004 (Umthetho No.6 ka-2004), lapha ozobizwa ngo"Mthetho" sokuthi isengezo sesithupha sohla lwamanani ezakhiwo (GV 2012) esimaqondana neminyaka yezimali esukela koqala mhla lulunye (1) kuJulayi 2012 kuya kophela mhla zingamashumi amathathu (30) kuJuni 2016 sesiyatholakala kwabafisa ukusihlola emahhovisi eMenenja kaMasipala, Valuation Roll, 13th Floor, 75 Dr Langalibalele Dube (Winder) Street, eThekwini kanye nasezikhungweni zikaSizakala ngezikhathi zokusebenza eziphakathi kuka-7:30 no-16:00 kusukela mhla ziyishumi nesikhombisa (17) kuJanuwari 2014 kuya mhla zingamashumi amabili nesishiyagalombili (28) kuFebhuwari 2014.

Ngaphezu kwalokhu lo luhla luyatholakala futhi nakule website: www.durban.gov.za.

Ngaphansi kwesigaba 49(1)(a)(ii) sifundwa nesigaba 78(2) soMthetho noma yimuphi umuntu ongumnikazi womhlaba/wesakhiwo noma omunye umuntu ofisayo ukwenza njalo angafaka isikhalazo kuMenenja kaMasipala maqondana nanoma yini ekulo luhla lwamanani ezakhiwo/emihlaba noma engafakwanga kulona ngalesi sikhathi esishiwo ngenhla.

Kuyacelwa ukuba umphakathi uqaphele ikakhulukazi iphuzu lokuthi ngokweSigaba 50(2) soMthetho, isikhalazo noma ukuphikisa kumele kube ngokuqondene nesakhiwo esithile, kungabi ukuphikisa loluhla uqobo lwalo.

Ifomu lokufaka isikhalazo litholakala kuleli kheli elilandelayo: Valuation Roll, Real Estate Unit, 13th Floor, 75 Dr Langalibalele Dube (Winder) Street, eThekwini, noma ezikhungweni zikaSizakala noma kule-website www.durban.gov.za

Amafomu asegcwalisiwe kumele abuyiselwe kuleli kheli elilandelayo: The Municipal Manager, eThekwini Municipality, Valuation Roll, 13th Floor, 75 Dr Langalibalele Dube (Winder) Street, Durban 4000. Amafomu asegcwalisiwe angahanjiswa nasezikhungweni zikaSizakala lapho eyofakwa khona kwikhompuyutha.

Uma unemibuzo uyacelwa ukuba ushayele kule nombolo yocingo: 031-311 4340.

MNU S. SITHOLE
IMENENJA KAMASIPALA